# USARS uyasemukela isinqumo seNkantolo Ephakeme kolwe-BPSA

**uMsombuluko 4 Ndasa 2024 –** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo Eningizimu Afrika (i-SARS), uMnu Edward Kieswetter, usamukele isinqumo seNkantolo Ephakeme, esichithe isicelo semvume yokufaka isicelo sokudlulisa icala esenziwe yi-British Petroleum of South Africa (i-BPSA) sokubuyekeza isinqumo sikaKhomishana sokunqaba izicelo zabo zemali ebuyayo kanye nenteliso okubalahlekele ngaphansi koMthetho Wokukhuthazwa Kobulungiswa Bokuphatha (i-PAJA).

Odabeni olufanayo, iNkantolo Ephakeme iphinde yadlulisa udaba ukuba luyoqulwa ngokubuyekezwa kwesinqumo sikaKhomishana nge-BPSA, esithathwe ngokwesigaba 88(2)(a)(i) soMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni, 1964 (uMthetho 91 wezi-1964), sokukhokhelwa kwenteliso ngokulahlekelwa kusinikamandla okusolwa ukuthi sathelekiswa.

I-BPSA ithe iNkantolo Ephakeme bekumele idlulisele isicelo sokudluliselwa kwecala okwenziwe nguKhomishana kuyoba udaba oluqulwayo LokuLawulwa Kwempahla Emngceleni. INkantolo Ephakeme isichithile lesi sicelo ngelithi udaba alukho mayelana nokuphikisana ngamaqiniso ezindaba zokulawulwa kwempahla emngceleni kodwa kuphela ngokulahlekelwa.

Isinqumo seNkantolo Ephakeme sangesonto eledlule ngoLwesine, silandela esinqumweni esakhishwa mhla ziyi-12 kuMasingana 2024 lapho okwachithwa khona isicelo sokudluliswa kwecala se-BPSA ngaphansi kwesigaba 47(9)(e) soMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni ngokubalwa okwenziwe nguKhomishana ngaphansi koMthetho.

Lokhu okwatholakala kwakuthi i-BPSA ayizange ifaneleke ukuthola izimali ezibuyayo zentelo ekhokhwe kuzinikamandla i-BPSA ethi zathelekiswa eZimbabwe. Lokhu kungenxa yokuthi i-BPSA ayikwazi ukufakazela ukuthi isinikamandla sathelekiswa eZimbabwe, futhi ngeke ikwazi ukuhlonza lowo owemukela lokhu okwahanjiswa eZimbabwe uma sekufika khona.

UKhomishana uKieswetter uzwakalise ukweneliseka kwakhe ngokuthi inkantolo inikeze isiqinisekiso nengcaciso ngokomthetho ngendlela uSARS okumele abhekane nayo ngempahla ephuma ezweni ingaziwa. Uthe: “USARS bekumele abhekane nalolu daba lokuthelekiswa okungalandeleki okubangela izindleko esikhwameni semali eqoqwayo, okuholela ekubuyelweni yimali kwabangafanelekile.” USARS usebenza kanzima ukulekelela abakhokhintela ukuba bahlangabezane nezibophezelo zabo ngokomthetho nokuxhumanisa uhwebo. Kodwa-ke, uzokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela abazibandakanya nezenzo ezenza bangathobeli. Uphethe ngokuthi, “Lokhu kuzokwenziwa ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukulimaza".

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne [SarsMedia@sars.gov.za](mailto:SarsMedia@sars.gov.za)